

NALIBALI

Kulolu shicilelo lukaMfumfu sifisa **UKUBONGA kakhulu bonke othisha baseNingizimu Afrika** ngenxa yokuba nomthelela ekufundiseni nasekuqeqesheni izingane zethu eziyigugu ukuba zikwazi ukubhekana nekusasa lazo ngokuzethemba nangokuqonda.



In this October edition we would like to say a special **THANK YOU!** to all the **teachers in South Africa** for their contributions in educating and mentoring our precious children to face their future with confidence and understanding.



Amandla okufundela ukuzijabulisa


Lapho isikole sikholelwa emandleni okufundela ukuzijabulisa futhi sivumela ukuba izingane zaso zikuzwe lokhu ngokwazo, sivusa kuzo uthando lokufunda nokubhala.

The power of reading for enjoyment

When a school believes in the power of reading for enjoyment and allows its children to experience this first-hand, it sparks in them an interest in reading and writing.

Kungani ukufundela ukuzijabulisa kubalulekile

- ✿ Ukufunda kuzwakale nezingane wumsebenzi owaziwa njengobaluleke kakhulu ekwakheni ulwazi namakhono adingwa yizingane ekufundeni ukufunda.
- ✿ Izindaba zivezela abafundi ulimi olucebile nolujulile. Zizikisa ulwazi lwezingane lokusebenzisa ulimi, zizifundise ulwazimagama kanye nohlelo lolimi, futhi zizinike izindlela ezintsha zokuzikhulumela.
- ✿ Izindaba ezithokozisayo zikhuthaza izingane ukuthi zakhe izinto emqondweni futhi zizisungulele okunye.
- ✿ Izindaba zinikeza izibonelo zokuthi abantu babhekana kanjani nezinselelo lokhu bese kusiza ukwakha uzwelo ezinganeni.



Why reading for enjoyment matters

- ✿ Reading aloud with children is known to be the single most important activity for building the knowledge and skills they need to learn to read.
- ✿ Stories expose children to rich, complex language. They deepen children's knowledge of how we use language, teach them vocabulary and grammar, and offer them new ways to express themselves.
- ✿ Interesting and exciting stories help stimulate children's imagination and creativity.
- ✿ Stories provide examples of how people meet the challenges that face them and help children develop empathy.

Ukwenza izindaba ingxenye yempilo yasesikoleni

Izingane zesikole sakho mazikuthole ukuxoxa nokufunda indaba kuyinsakavukela empilweni yazo esikoleni – kungabi yinto nje egcina ekilasini, kodwa itholakale nangezinye izikhathi.


- ✿ Khuthaza abazali nabanakekela izingane ukuthi bazifundele futhi bazixoxele izindaba endleleni eya esikoleni.
- ✿ Beka indawo yezincwadi zezithombe lapho izingane ezindadlana ezisheshe zifike esikoleni zingakwazi ukuhlala nezincanyana bese zizifundela izindatshana.
- ✿ Yenza ngolunye usuku enyangeni ngesikhathi sokuhlangana kwezingane ekuseni, kugxilwe ekuxoxweni kwezindaba. Hlela ukuthi omunye uthisha axoxe indaba, noma iqembu lezingane lilingise indaba ethile, noma ikilasi litshale zonke izingane ukuthi yini eliyenzile ukuthuthukisa uthando lokufunda.
- ✿ Qiniseka ukuthi wenza ukufundela ukuzijabulisa kube yingxenye yezinto izingane ezizenzayo noma sesiphumile isikole ngokuthi uqale ithimba lokufunda esikoleni sakho.

Making stories part of school life

Let the children at your school experience storytelling and reading regularly as a part of their lives at school – not just in the classroom, but at other times too.

- ✿ Encourage parents and other caregivers to read and tell stories to children on their way to school.
- ✿ Create a space for picture books where older children who arrive at school early can sit with younger children and read stories to them.
- ✿ Turn at least one school assembly a month into a story-focused one. Arrange for a staff member to tell a story, let a group of children act one out, or ask a class to share with the rest of the school what they have been doing to develop a love of reading.
- ✿ Make reading for enjoyment part of what children do after school too by starting a reading club at your school.

Ukufundela izingane ngokuzwakalayo ngeke kuzenze zibe ngabafundi abaphambili ngomlingo, kodwa kuzozisiza ukuba zibe nezinkumbulo ezinhle, ukuba ziqonde futhi zazi okwengeziwe, futhi zicabange ngokujulile nangendlela enengqondo.



Reading aloud to children will not magically make them top learners, but it will help them to develop excellent memories, to understand and know more, and to think critically and logically.



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.



Izimbewu Zokufunda Nokubhala!

Izinto zokufunda zekilasi le-ECD

Literacy Seeds!

Reading resources for the ECD classroom

Bazali nabanakekeli bezingane ezisezincane abathandekayo, kulolu shicilelo sifisa UKUBONGA! kakhulu othisha be-ECD nabasizi ngoSuku Lothisha Lomhlaba Wonke, olungomhla ka-5 ngenyanga kaMfumfu!

Izingane ziyakwazi ukuqonda ziphinde zijabulele izindaba ezisezingeni lokufunda elithuthukile kunelazo uma lezo zindaba zifundwa kuzwakale kahle ngezilimi ezizaziyo. Amaqembu ezingane owafundelayo awefani. Ngakho-ke kubalulekile ukwazi izincwadi eziningi ngoba lokho kuzokusiza ukwazi ukukhetha leyo ezizoyijabulela.

- ☉ **Ngizokhetha yiphi indaba?** Khetha izindaba okujabulelayo ukuzifunda, ezihambisana nokuthandwa yizethameli futhi ezibhalwe ngolimi izingane eziluzonda kalula, nalezo ezizokwandisa ulwazi lwazo. Izincwadi ezinemvumelwano, isigqi nokuphindaphinda ziba zinhle kakhulu ezinganeni uma ufuna ukufunda kuzwakale, futhi ziyindlela enhle yokwethula ulimi olusha.
- ☉ **Ngifundela bani?** Uma ngabe ufundela izingane zeminyaka eyehlukene, khetha indlela ezojatshulelwa yizingane ezincanyana eqenjini.
- ☉ **Linezingane ezingakanani iqembu engizolifundela?** Uma kungukuthi uzofundela iqembu elingase likwazi ukubona izithombe kahle noma uma ukwazi ukuyaluzisa phakathi kwezihlalo ngesikhathi ufunda, ungazikhombisa izingane izithombe encwadini ngenkathi ufunda. Uma ufundela iqembu labafundi abaningi kakhulu, nyakazisa umzimba, usebenzise nemisindo kanye nezinto ezithile ukwenza indaba yakho iphile noma kube sengathi ziyayibona yenzeka.
- ☉ **Yiziphi izinsiza engingazisebenzisa?** Izithombe, onodoli, izigqoko nezinto ezibalulwayo endabeni kungasetshenziswa ukunikeza indaba impilo.



Uma into uyenza njalo uphenduka ungoti ekuyenzeni. Ngakho kuhle ukuyifunda kuzwakale indaba izikhathi ezimbalwa ngaphambi kokufundela iqembu lezingane!

Dear parents and caregivers of young children, in this edition we would like to say a special THANK YOU! to ECD teachers and facilitators on World Teacher's Day, which falls on 5 October!

Children are able to understand and enjoy stories that are far beyond their own reading ability when they hear stories read aloud well in languages they know. Each group of children you read to is unique, so knowing lots of books will help you find one that they will enjoy.

- ☉ **What story should I choose?** Choose stories that you enjoy reading, that match your audience's interests, are in languages that they understand easily and that expand their world. Books with rhyme, rhythm and repetition make good read-aloud books for young children and are also a great way of introducing a new language.
- ☉ **Who am I reading to?** If you're reading to a group of children who are different ages, then choose a style that will appeal to the younger children in the group.
- ☉ **What size group will I be reading to?** If you're reading to a group who can see the pictures clearly or if you can move around while you read, show the children the pictures in the book while you read. When you're reading to a large group, use body movements, sound effects and props to bring your story to life.
- ☉ **What story aids can I use?** Pictures, puppets, hats and objects mentioned in the story can all be used to help a story come alive.

Practice makes perfect, so it's always a good idea to read the story aloud a few times before you read it to a group of children!




Ukuthola imithombo yokufunda

- ⚙️ Akukho okudlula ukufunda indaba ngolimi lwakho lwasekhaya! Ngakho qiniseka ukuthi unezincwadi ngezilimi zasekhaya zezingane eziningi kangokunokwenzeka.
- ⚙️ Khetha izincwadi ezilungele okuthandwa yizingane kanye nezinga lazo lokufunda ekilasini lakho.
- ⚙️ Khumbula ukuthi izincwadi ungazifunda amahlandla angaphezu kwelilodwa! Izingane ziyakuthokozela ukuphinde zifundelwe izincwadi ezizithandayo.
- ⚙️ Ukufunda, ukubhala nokudweba kuyahambisana. Ngakho-ke qiniseka ukuthi unamaphepha, amakhrayoni, amapeni namapensela okwanele ekilasini lakho.

Finding reading resources

- ⚙️ Nothing beats reading a story in your home language! So, make sure that you have books in as many of the children's home languages as possible.
- ⚙️ Choose books that suit the interests and reading levels of the children in your class.
- ⚙️ Remember that you can read books more than once! Children often enjoy having their favourite stories reread to them.
- ⚙️ Reading, writing and drawing go together! So, make sure that you always have a good supply of paper, crayons, pens and pencils in your classroom.



Drive your imagination



Ukunakekela izincwadi

Izincwadi ziyigugu, ngakho kuyaqondakala ukuthi kungani sifuna zihlale isikhathi eside. Kodwa futhi sifuna izingane zizifunde, kanti lokho ngeke kwenzeke uma zihlala zivalelwe! Nawa amanye amacebo ongawasebenzisa ukusiza izingane zifunde ukunakekela izincwadi ukuze zithokozele ukuzisebenzisa kaningi.

- * Singelindele ukuthi izingane ziphathe izincwadi kahle uma zingazithandi izindaba! Uma uzinika isikhathi sokufunda nokujabulela izindaba nezingane, zizofunda ukuba negugu ngezincwadi.
- * Izingane zifunda kakhulu ngokubheka esikwenzayo kunokuthi zitshelwe okumele zikwenze. Ukwenza isibonelo, ngenkathi ufundela izingane, phenya amakhasi ngobunono, kanti uma usuqedile ukufunda indaba, phindisela incwadi endaweni yayo eshalofini lezincwadi.
- * Khuthaza ukuphatha incwadi okuhambisana neminyaka yobudala. Ungalindela ukuthi ingane eneminyaka eyisikhombisa iphenye amakhasi ngobunono kodwa iningi lezingane ezineminyaka emihlanu zisakufunda lokhu.
- * Zisize zifunde ukunakekela izincwadi ngokwenza izindawo ezikhethekile lapho zizozibeka khona. Ungasebenzisa amashalofu ezifinyelela kuwo kalula, namabhokisi amaseriyeli ahlotshisiwe, amabhokisi ezicathulo, iziqukathi zepulastiki zikayisikhilimu nobhasikidi.

Njengezinto eziningi empilweni, ukufunda ukunakekela izincwadi kudinga isikhathi, ukuzejwayeza nokugqugquzelwa.



Caring for books

Books are precious, and so it is understandable that we want them to last. But we also need children to read them, and they can't do that if the books are locked away! Here are some suggestions to help children learn to take care of books so that they can be enjoyed over and over again.


- * We cannot expect children to treat books well if they do not love stories! When you spend time reading and enjoying stories with children, they soon learn to treasure books.
- * Children learn more by watching us than by being told what to do. For example, as you read to them, turn the pages carefully, and when you have finished reading a story, return the book to its place on the bookshelf.
- * Encourage age-appropriate book behaviour. For example, we can expect seven-year-olds to turn the pages of a book gently, but many five-year-olds are still learning to do this.
- * Help children learn to care for books by creating special places to store them. You can use shelves that are easy for them to reach, as well as decorated cereal boxes, shoe boxes, plastic ice cream containers and baskets.

As with most things in life, learning to take care of books involves time, practice and encouragement.

Ubuningi bezilimi busho ubuningi bezinsiza

Akufanele kuthathwe njengento ongazikhethelelwa yona ukuyengeza ukufundelwa ngolimi lwebele. Kuyingxenye ebalulekile nenamandla yokufunda ulimi nokuthuthukisa ukufunda nokubhala.

- ★ Culani izingoma nisho nezilandelo ngezilimi izingane ezizincele ebeleni.
- ★ Izingane mazibe nemibhalo engezilimi zazo yonke indawo. Lokhu ungakwenza ngokuthi ube namaphosta akho anezihloko ezizithandayo ngezilimi eziningi.
- ★ Fundela izingane ngokuzwakalayo ngazo zonke izilimi okwazi ukuzikhuluma nokuzifunda.
- ★ Sebenzisa umakhalekhukhwini ukuqopha abazali, ogogo nabanye ababheka izingane ngesikhathi bexoxa izindaba ngezilimi zabo, bese ulalelisa izingane lezi zindaba.
- ★ Izingane ezikhuluma ulimi olulodwa mazifunde bese zikhuluma ngezincwadi zezindaba ezisemaqenjini.



More languages, more resources

Being read to in your own language should not be an optional extra for children. It is really an essential and powerful part of learning language and developing literacy.

- ★ Sing songs and say rhymes in the home language(s) of all the children.
- ★ Surround children with print in all their languages by making your own bilingual or multilingual posters on topics that interest them.
- ★ Read aloud to the children in all the languages that you can speak and read.
- ★ Use a cellphone to record parents, grandparents and other caregivers telling and/or reading stories in their home language(s) – and then let the children listen to these stories.
- ★ Let the children who speak the same home language read and talk about storybooks together in groups.



Thola izindaba ngezilimi eziyishumi nanye ku-www.nalibali.org.

Find stories in eleven languages at www.nalibali.org.



Drive your imagination

Izincwadi zikahle. Izincwadi ziya jabulisa. Izincwadi ziyadingeka!



Books are good. Books are fun. Books are necessary!

Lona ngumyalezo iPaleng, inhlangotho yokufunda nokubhala yezingane emaphandleni aseLesothu, ewutshela izingane efinyelela kuzo. Lezi yizingane ezingenazo izincwadi ekhaya futhi izinto ezizithandayo, imikhuba yazo yesiko-mpilo kanye nolimi okuvame ukunganakwa ezincwadini esikoleni.

"Besilokhu sakha futhi sabelana ngezincwadi zethu zezindaba ezinezithombe ezinezilimi ezimbili zezingane ezisezincane kusukela ngo-2015.

"Ezindaweni zasemaphandleni, lapho nje izingane ziphuma esikolweni se-primary, asikho isizathu esiziphogayo ukuba zifunde ukuphila kwazo konke. Azifundanga ukuthi ukufunda kuyajabulisa noma kukunika ukukhanya, ukuthi ukufunda kungenza ukuphila komuntu kucebe kanye nokuthi ukufunda kuwusizo futhi akuve kudingeka emhlabeni wanamuhla. Ngakho-ke, umbono wePaleng, ukuhluzeka izingane zasemaphandleni eziningi kangangokunokwenzeka e-Afrika eseNingizimu, ngezinto zokufunda zamahala, ezingazithatha ziye nazo ekhaya ezifanelekayo uma kubhekwa umongo, iminyaka yazo yobudala, izinga lazo lokufunda kanye nolimi lwazo.

"Sithemba ukuthi izincwadi zethu zizoba nethonya elijulile ekuphileni kwezingane nokuthi zizotshala 'izimbewu zokufunda' ezincane ezizokhula kukho konke ukuphila kwezingane futhi ziqhakaze zakhe uthando lokufunda."



uMarion Drew noKhothatso Ranoosi, bobabili bangabasunguli be-Paleng
Marion Drew and Khothatso Ranoosi, co-founders of Paleng

This is the message that Paleng, a children's literacy organisation in rural Lesotho, shares with the children who they reach out to. These are children who have no books at home and whose interests, cultural context and language is often not seriously considered in the books at school.

"We have been creating and sharing our own bilingual picture storybooks for young children since 2015.

"In the rural areas, once children leave primary school, there is no compelling reason for them to read for the rest of their lives. They have not learnt that reading is fun or enlightening, that reading can enrich one's life and that reading is useful and non-negotiable in today's world. Paleng's vision is, therefore, to provide as many rural children in Southern Africa as possible with free, mine-to-

take-home reading material that is appropriate for their context, their age, their reading level and their language.

"We hope our books burrow deep into the lives of children and that they plant little 'reading seeds' that will grow throughout the children's lives and bloom into a love of reading."

Ilayibhrari yethu, izincwadi, namafestivali ethu ezincwadi kuye kwenza izingane eziningi zabeSuthu zasemaphandleni ukuba zizwe injabulo ebangelwa yizincwadi zezindaba.



Our library, books, and book festivals have allowed many rural Basotho children to experience the joy of storybooks.



"Kuze kube manje, ithimba lethu selikhqizile izincwadi ezinezilimi ezimbili eziyi-13 zezingane zasemaphandleni ezineminyaka yobudala emine (4) ukuya kweyi-15 futhi siye sasebenzisana nezingane ezingaphezu kwe-1000 kumafestivali ethu ezincwadi."



"So far, our team has produced 13 bilingual books for rural children aged 4-15 and we have worked with over 1 000 children through our book festivals."


Ukuze uthole okwengeziwe ngePaleng bheka To find out more about Paleng

www.palengplaceofstories.org info@palengplaceofstories.org [palengchildren](https://www.instagram.com/palengchildren) [PalengPlaceOfStories](https://www.facebook.com/PalengPlaceOfStories)

Yandisa ilayibhrari yakho.

Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Grow your own library. Create **TWO** cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.



Drive your
imagination



“Oh my goodness, Charlene ... what happened here?”
 “The goats! They ate up all my carrots and cabbages,
 my cauliflower and beans, beetroot and spinach too.
 Someone left the gate open!”
 “It wasn’t me.”

“Awu kodwa nkosi yami, Charlene ...
 kwenzekeni la?”
 “Izimbuzi! Zidle zonke izaqathi zami
 namaklabishi, ukhohlafawa nobhontshisi,
 ubhithru di nesipinashi futhi. Kukhona oshiye
 isango livuliwe!”
 “Bekungemina.”



“It wasn’t me.”
 “Bekungemina.”

HEARTLINES
 The Centre for Values Promotion



For more information, please email info@heartlines.org.za
 or phone (011) 771 2540.

Ukuze uthole ulwazi olwengeziwe, sicela uthumele i-imeyili
 ku-info@heartlines.org.za noma ufowunele kule nombolo (011) 771 2540.

Get story active!

- ★ Why do you think Lily didn’t say she was the one who had left the gate open when Ouma first asked?
- ★ Why do you think the picture of the cloud above Lily’s head gets bigger during the story and then “rains” on page 12?
- ★ Is it sometimes scary to own up if you’ve done something wrong? Why or why not?
- ★ Is owning up the right thing to do? Why or why not?

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Ucabanga ukuthi kungani ulily engazange asho ukuthi nguye oshiye isango livuliwe ngesikhathi uGogo ebuza okokuqala?
- ★ Ucabanga ukuthi kungani isithombe sefu elingaphezu kwekhanda likalily silokhu sikhula ngesikhathi sokuxoxwa kwendaba, bese kuba “nemvula” ekhasini le-12?
- ★ Kuke kube nzima yini ukuvuma uma wenze iphutha? Kungani uphendula ngokuvuma noma ukuphika?
- ★ Ngabe kuyisenzo esihle ukuvuma uma wenze okuthile? Kungani uphendula ngokuvuma noma ukuphika?

Nal’ibali is a national reading-for-enjoyment campaign
 to spark and embed a culture of reading across South
 Africa. For more information, visit www.nalibali.org



UNal’ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela
 ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko
 lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole
 eminye imininingwane, vakashela ku: www.nalibali.org



Drive your
 imagination

It wasn’t me



Bekungemina

Glynis Clacherty • Tasia Rosser

Ideas to talk about: Think of a time when you made a mistake that affected someone else. What was the mistake you made? How did you feel when you realised that you had made a mistake? What did you do next? What else could you have done?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Ake ucabange ngesikhathi lapho wenza iphutha elathinta omunye umuntu. Laliyini lelo phutha owalenza? Wazizwa kanjani lapho uqaphela ukuthi wenze iphutha? Yini owayenza ngokulandelayo? Yini enye owawungayenza?

“Yeyi nina batana, niyangidina! Hambani ekamelweni lenu!”
“Bekungethina, Gogo.”

“You boys, you make me crazy! Go to your room!”
“It wasn’t us, Ouma.”



“Ngidinga utamatsi, Gogo – engizokwenza ngawo i-bredie,” kusho uMama.
“Awukho utamatsi! Izimbuzi ziwudlile, zadla nezagathi namaklabishi, ukholiflawa nobhontshisi, ubhithrudi nesipinashi futhi. Kukhona oshibe isango livuliwe!”
“Bekungemina.”

“I need tomatoes, Ouma – for bredie,” said Ma.
“No tomatoes! The goats ate them up and my carrots and cabbages, my cauliflower and beans, beetroot and spinach too. Someone left the gate open!”
“It wasn’t me.”

“Don’t open the gate to my garden, Lily!” Ouma always said. “The goats will get in and eat up all my carrots and cabbages and cauliflower and beans; all my beetroot, tomatoes and spinach too. Don’t open the gate to my garden whatever you do.”





Little Bear knows how to count to ten. That's how he knows that one of the bear cubs is missing! Where can it be?

This story was specially created for Nal'ibali – a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading.



Ibhele Elincane seliyakwazi ukubala lifike kokuyishumi. Yingako likwazile ukubona ukuthi kukhona izinyane lebhela elingekho! Ingabe likuphi?

Le ndaba yaqanjelwa iNal'ibali ngokukhethekile – umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzijabulisa ukuze kokhelwe inhlansi yokukhuthaza izingane ngokuxoxa izindaba nokufunda.

Get story active!

- ★ Do you know your important information such as your address, a family member's telephone number and someone you could contact in an emergency? Write it in your diary.
- ★ There are no bears in South Africa. Retell the story using animals found in South Africa.
- ★ Now draw a picture for your story with South African animals.

Yenza indaba ihlabane umxhwele!

- ★ Uyayazi yini imininingwane yakho ebalulekile njengekheli lakho, inombolo yocingo yelungu lomndeni wakini kanye othile ongamthinta uma kuphakama isimo esiphuthumayo? Kubhale kudayari yakho.
- ★ Awekho amabhele eNingizimu Afrika. Phinda uyixoxe indaba usebenzisa izilwane ezitholakala eNingizimu Afrika.
- ★ Manje dweba isithombe sendaba yakho enezilwane zaseNingizimu Afrika.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku: www.nalibali.org



Drive your
imagination



Ngalobo busuku ngaphambi kwesidlo sakusihlwa, amazinyane ebhele ama phambi kweBhele Elincane ukuze livabale, "Elokugala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, amazinyane amabhele ayisishiyagalolunye," kubala iBhele Elincane. Ibhele Elincane lacica amehlo laphinde labala. "Elokugala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalolunye, amazinyane amabhele ayisishiyagalolunye."

That night before supper, the bear cubs stood in front of Little Bear to be counted. "One, two, three, four, five, six, seven, eight, nine bear cubs," counted Little Bear. Little Bear rubbed his eyes and counted again. "One, two, three, four, five, six, seven, eight, nine bear cubs." There were only nine bear cubs!

kuphela!

ayisishiyagalolunye

Kwakukhona amazinyane amabhele

elesishiyagalolunye, amazinyane amabhele ayisishiyagalolunye."

elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa,

Ibhele Elincane lacica amehlo laphinde labala. "Elokugala,

amazinyane amabhele ayisishiyagalolunye," kubala iBhele Elincane.

elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalolunye,

phambi kweBhele Elincane ukuze livabale, "Elokugala, elesibili, elesithathu,

Ngalobo busuku ngaphambi kwesidlo sakusihlwa, amazinyane ebhele ama

to be counted. "One, two, three, four, five, six, seven, eight, nine bear


cubs," counted Little Bear.

Little Bear rubbed his eyes and counted again. "One, two, three, four,

five, six, seven, eight, nine bear cubs."

There were only nine bear cubs!

The missing bear cub



Izinyane lebhela elilahlekile


Pumeza Ngobozana • Julie Smith-Belton

Ideas to talk about: Why is it important for a child to always let a reliable adult like a family member, neighbour or teacher know where they will be? What could a child do if they are lost?

Imibono okungaxoxwa ngayo: Kungani kubalulekile ukuba ingane njalo yazise umuntu omdala onokwethenjwa njengelungu lomndeni, umakhelwane noma uthisha ukuthi izoba kuphi? Yini ingane engayenza uma ilahlekile?



The next morning, Mama Bear hugged and kissed all her bear cubs goodbye. "I will come back home in seven days," she said. Ngakusasa ekuseni, uMama ubhele wawanga wase ewaqabula wonke amazinyane akhe wavelisa. "Ngizobuya ekhaya ezinsukwini eziyisikhombisa," kusho yena.



Mama Bear lived with her ten beautiful bear cubs. Every night before supper, the bear cubs sat in front of Mama Bear to be counted. "One, two, three, four, five, six, seven, eight, nine, ten bear cubs!" counted Mama Bear.



Seven days later, Mama Bear returned home. All her bear cubs looked sad. "There are only nine bear cubs," sobbed Little Bear. Mama Bear counted her bear cubs. Emuva kwezinsuku eziyisikhombisa, uMama ubhele wabuyela ekhaya. Wonke amazinyane akhe ayebukeka edangele. "Kunamazinyane ayisisihyagalolunye kuphela," kukhala iBhele Elinane. UMama ubhele wabala amazinyane akhe.





“Phinda ubale amazinyane amabhele futhi, Bhele Elinca, kusho uMama uBhele. Elinca, “Namanye kunamazinyane amabhele ayisishiyagalolunye, kucubala iBhele elesishiyagalombili, amazinyane amabhele ayisishiyagalolunye, kucubala iBhele Elinca, “Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, amazinyane amabhele ayisishiyagalolunye, kusho uMama uBhele. ngokukhulu ukudabuka.”



One day, Grammy Bear became sick. Mama Bear would have to go away to help Grammy get better. “Little Bear, every night before supper while I am away, you must count the bear cubs. There are ten bear cubs,” said Mama Bear. Ngolunye usuku, uGogo uBhele wagula. UMama uBhele kwadingeka ukuthi ahambe ayosiza uGogo aze abe ngcono. “Bhele Elinca, njalo ebusuku ngaphambi kwesidlo sakusihlwa lapho ngingekho, kufanele ubale amazinyane. Kunamazinyane amabhele ayisishumi,” kusho uMama uBhele.

“Count the bear cubs again, Little Bear,” said Mama Bear. “One, two, three, four, five, six, seven, eight, nine bear cubs,” he said sadly. “There are still only nine bear cubs,” he said



UMama uBhele wabe ehlala namazinyane akhe Amahle kakhulu ayishumi. Njalo ebusuku ngaphambi kwesidlo sakusihlwa, amazinyane ayehlala phambi kukanina ukuze awabale. “Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, amazinyane amabhele ayisishumi!” kubala uMama uBhele.

The bear cubs began dancing and pointing at one another. “I am a bear cub! You are *also* a bear cub! I am a bear cub! You are *also* a bear cub!” they sang.

Amazinyane amabhele aqala ukusina nokudansa ekhombana. “Ngiyizinyane lebhele! Uyizinyane lebhele futhi nawe! Ngiyizinyane lebhele! Uyizinyane lebhele nawe ngokunjalo!” acula.

Ibhele Elincane lalilalelisisa njengoba uMama uBhele ayebala. Lafunda kanjalo-ke ukubala.



Little Bear listened carefully as Mama Bear counted. That is how he learnt to count.

“Yes, Little Bear, you always have to remember to count *yourself*,” said Mama Bear. “You are *also* a bear cub!”



“Count the bear cubs again, Little Bear,” said Mama softly. “This time, start by counting yourself.”
 “One . . . two, three, four, five, six, seven, eight, nine, ten bear cubs!” smiled Little Bear.

“Bala amazinyane amabhele futhi, Bhele Elincane,” kusho uMama ngomoya ophansi. “Kulokhu, uqale ngokuzibala wena.”

“Elokuqala . . . elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu, elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, amazinyane amabhele ayishumi!” lasho lamamatheka iBhele Elincane.



“Yebo, Bhele Elincane, kufanele njalo ukhumbule ukuzibala *phela nawe*,” kusho uMama uBhele. “*Nawe uyizinyane lebhele!*”




“Oh Lily bird! Lies are wrong. They make everyone sad. But in the end you told the truth. I’m glad you did. You will have to help me plant some new carrots and cabbages and some cauliflower, beans and beetroot, and tomatoes and spinach too.”

And that’s what Lily and Ouma did ... the very next day!

“Uyabona-ke Lily! Akulungile ukuqamba amanga. Adangalisa wonke umuntu. Kodwa ekugcineni ukhulume iqiniso. Ngiyajabula ngoba wenze njalo. Kuzomele ungisize ngitshale kabusha izaqathi, iklabishi, ikholiflawwa, ubhontshisi nobhithrudi, notamatisi nesipinashi futhi.”
Kanti-ke yilokho okwenziwa uLily noGogo ... ngosuku olulandelayo!

“AAAAAA! Izimbuzi zidle zonke izaqathi zami; zidle amaklabishi ami nokholiflawwa nobhontshisi; ubhithrudi wami, utamatisi nesipinashi futhi. Ubani ovule isango elingena esivandeni sami?”
kubuzwa uGogo.



“AAAAAA! The goats have eaten up my carrots; they’ve eaten my cabbages and cauliflower and beans, my beetroot, tomatoes and spinach too. Who opened the gate to my garden?” asked Ouma.

“Lily, ungalokothi uvule isango elingena engadini yami!” Kwakuhlale kusho uGogo. “Izimbuzi zizongena zidle zonke izaqathi namaklabishi, ukholiflawwa nobhontshisi wami; ubhithrudi, utamatisi nesipinashi sami futhi. Ungalokothi uvule isango elingena engadini yami noma ngabe wenzani.”





... OVER the fence ... Over the fence of Ouma's vegetable garden!
 ... WEQA ucingo ... Wega ucingo Iwesivande sikaGogo!



The dragon-fly flew up and ...

Ujekamanzi wandiza wakhuphuka ...



... up and ...

... wakhuphuka futhi ...



"No veggies, Ouma?" asked Dad.

"No veggies tonight! Someone left the gate open!"

"IT WAS ME! I'm sorry, Ouma."

Ouma looked sad, Mum looked sad, Dad looked sad and Quinton looked sad, Jerome looked sad and Lily ... Lily was sad too!


"Akunamifino ekudleni, Gogo?" kubuza uBaba.

"Asinamifino kusihlwa nje! Kukhona oshiye isango livuliwe!"

"BEKUYIMINA! Ngiyaxolisa, Gogo."

UGogo wabukeka edangele, uMama wabukeka edangele, uBaba wabukeka edangele noQuinton wabukeka edangele, uJerome wabukeka edangele, noLily ... noLily wayedangele!

Umhla ka-16 kuMfumfu uSuku Lokudla Lomhlaba Wonke!



Isobho liwukudla okunempilo nokunomsoco okwenziwa ngezindlela ezihlukene emhlabeni wonke. Linezinzuzo eziningi empilweni yethu ngoba:

- ★ Isobho lenziwa ngamanzi amaningi, okungasiza umzimba wakho ukuba ungashodi ngamanzi.
- ★ Isobho livame ukwenziwa ngemifino nokusanhlamvu, okunamavithamini amaningi ne-fibre esidlweni esisodwa.
- ★ Isobho likwenza uzizwe wanelisekile futhi usuthi, okungakusiza ukuba unciphise umzimba noma uwugcine uyisisindo esifanele.
- ★ Isobho livame ukuphekwa kuze kube yilapho zonke izithako sezithambile futhi zivuthiwe, okwenza kube lula ukuba ligayeke.
- ★ Isobho likwenza ududuzeke futhi kuthi cosololo, ikakhulu lapho ugula.

Wena uthanda isobho elinjani?

Soup is a wholesome and nourishing food that is made in different ways all over the world. It also has many benefits for our health because:

- ★ Soup is made with a lot of water, which can help us stay hydrated.
- ★ Soup is often made with vegetables and legumes, which provide lots of vitamins, minerals and fibre in one meal.
- ★ Soup makes us feel satisfied and full, which can help us lose weight or keep to a healthy weight.
- ★ Soup is often cooked until all the ingredients are soft and fine, which makes it easy to digest.
- ★ Soup is comforting and soothing, especially when we're ill.

What is your favourite soup?

☆ elanelisayo ☆ elehla esiphungu ☆ elinambitheka kamnandi ☆ elinomsoco ☆ elinempilo ☆ elimnandi

☆ satisfying ☆ hearty ☆ delicious ☆ tasty ☆ healthy ☆ yummy

16 October is World Food Day!

Sithinte noma ngayiphi yalezi zindlela: • **Contact us** in any of these ways:

f nalibaliSA

@nalibaliSA

@nalibaliSA

info@nalibali.org





UMolemo nejakhethi yomlingo



Libhalwe nguSiphiliselwe Makhanya ■ Imizobo izotywe nguGeoff Walton

Kwakusekuseni kubanda qa. UMolemo wafaka izandla zashona phansi emaphaketheni ebhulukwe lakhe lesikole futhi wanyusa amahlombe njengoba ayelinde ukunqamula umgwaqo emarobhothini. Wayegqoke izikibha ezimbili ngaphansi kwehembe lakhe lesikole elimhlophe, kodwa wayesawezwa amakhaza.

"Brrrrr," kusho uMolemo, egxoba izinyawo lapho esalinde ukuba irobhothi lishintshe. "Ngifisa ngabe uGogo ubenemali eyanele ukuba angithengele ijakhethi."

Lapho nje kukhanya indoda eluhlaza erobhothini, uMolemo waqala ukunqamula umgwaqo. Yilapho-ke ezwa ukumemeza ngemva kwakhe. Njengoba ephenduka ebheka, wabona indoda ijijisana nogogo futhi izama ukumphuca isikhwama sakhe esincane.

"Sizani! Sizani bo!" kumemeza lo wesimame.

UMolemo akacabanganga kabili – wagijima wayosiza ugogo futhi wayikhahlela kakhulu eqakaleni le ndoda. Yaquma izwa ubuhlungu futhi yasidedela isikhwama sowesimame. Yabe isihamba ixhuga iyoshona le ngokushesha ngangokunokwenzeka.

"Uxolo, Gogo, ukulimazile?" kubuza uMolemo, esiza lo wesimame ukuba asukume. Wayewile lapho umphangi ededela isikhwama sakhe. "Bambelela lapha ehloambe lami," kusho uMolemo.

Ugogo wayeqhaqhaazela futhi ebukeka ngathi ufuna nokukhala. "Ngibonga kakhulu," esho. "Angazi ukuthi abantu bangenwe yini kulezi nsuku."

Lapho ugogo esephinde wama, uMolemo wacosha izinto zakhe, wamnika zona. "Okungenani sisenayo intsha enomusa njengawe," emamatheka.



Kamuva ngaleyo ntambama, uMolemo wanqamula umgwaqo kulo lelo robhothi eseqonde ekhaya. Kwammangalisa ukuthi, ugogo wayelapho emlindile. Wamamatheka lapho embona umfana. "Nsizwa! Kunento engikuphathela yona!" esho njengoba enika uMolemo iphakethe elisongwe kahle. "Uyolivula lapho ufika ekhaya."

UMolemo wazizwa enamahloni. "Akudingeki unginike...", eqala ukukhuluma.


"Yithathe, yithathe," kusho owesimame, engenelela ngenkulumo. "Yiyo kanye into oyidingayo. Lapho ngihlangana nawe, ngangazi ukuthi izokufanela kahle." Wambambatha uMolemo eqolo futhi wambamba ihlombe wamqinisa. "Lapho seyincane kuwe, uyinike enye ingane enomusa njengawe." Wayesejika futhi wahamba ugogo.

Lapho uMolemo efika ekhaya, wavula iphakethe. Phakathi kwakunejakhethi ephuzi egqamile. Yayinamaphakethe emaceleni kanye nephethini yendwangu enhle, enemigqa ngaphakathi. Yayiyinhle kakhulu.

Kodwa njengoba ayeyiphakamisile, wabona ukuthi yayiyincane kakhulu.

UMolemo wadumala. "Ngeke ingilingane!" ecabanga. Kodwa ngenxa yokuthi kwakuyijakhethi enhle, wanquma ukuzama ukuyilinganisa.

Yilapho-ke kwenzeka khona isimanga – ingalo yesokudla yejakhethi kwakubukeka sengathi iba yinde njengoba ayefaka ingalo yakhe kuyo. Yakhula yaba yinde yaze yayilingana khaxa ingalo yakhe. UMolemo akakhohlwanga yilokho ayekubona. Hhaybo, yenzeka kanjani into enje! UMolemo wanquma ukufaka le enye ingalo yakhe engalweni yesobunxele yejakhethi. Nalapha futhi, kwabukeka ngathi iyakhula yaze yamlingana.



Ijakhethi yamlingana khaxa uMolemo. Waphumela ngaphandle eyozibuka ewindini. Wama wazimisela ebambe izinqulu ngezandla zakhe, futhi wayesezifaka emaphaketheni ejakhethi. Wayemuhle impela!

Ngaso lesi sikhathi, udadewabo omdala, uNina, waqhamuka ekhoneni. Wayebukeka ekhathele. UMolemo wamphathisa isikhwama futhi wamlandela bayongena endlini. "Kunjani? Uyafuna ngikwenzele inkomishi yetiye?" kubuza umfana.

UNina wahlala phansi etafuleni ekhishini. "Ngiyaphila, ngimane nje ngikhathele," esho, ezama ukumamatheka embhekile. "Ukufuna umsebenzi kungumsebenzi onzima. Itiye lona ngiyalcela, ngiyabonga"

Kwakubukeka ngathi uNina wayehlale efuna umsebenzi. Lokhu kwenza uMolemo wadabuka. UNina wayesebenze kanzima ukuqeda isikole, futhi uMolemo wayazi ukuthi kwakumphatha kabi uNina ukuthi wayengasawutholi umsebenzi ngemva kweminyaka emithathu ewufuna.

"Ngiyaqiniseka ukuthi kukhona ozokuthola maduze, Nina. Uyazikhandla futhi ulokhu uqhubeka uzama," kusho uMolemo.

Waphenduka wakhanyisa isitofu sikaphalafini ukuze abilise amanzi amenzele itiye. "Ngifisa ngathi uNina angathola umsebenzi omuhle," ecabanga. Wabeka iketela esitofini wayeselungisa inkomishi eyifaka i-teabag.

UMolemo wafaka izandla zakhe emaphaketheni ejakhethi njengoba ayelinde ukuba amanzi abile. Yilapho-ke ezwa khona iphepha elisekhoneni lephakethe langakwesokudla. Wamangala. UMolemo wazibuza ukuthi kazi lalikhona yini lapho kakade ukuthi nje nguye owayenganakanga.

Ngokucophelela, walikhipha iphepha ephaketheni. Kwakuyisikhangiso sephephandaba esasisongwe ngobunono esasithi: **SIDINGA ISISEBENZI. Sifuna umuntu onomatikuletsheni!**

UMolemo wamamatheka. Kwabukeka ngathi inhlanhla yomndeni wakubo yayisizoshintsha ibe ngocono futhi kwakungenxa yesipho sikagogo.

Yenza indaba ihlabe umxhwele!

- ★ Wake walithola ithuba lokusiza umuntu osekhulile? Kwakwenzekeni? Wazizwa kanjani ngemva kwalokho?
- ★ Dweba isithombe sakho usiza omunye umuntu. Ezansi komdwebo wakho, bhala umsho ochaza lokho okwenzekayo esithombeni.

- ★ Yisiphi isipho esihle kunazo zonke oke wasiphiwa yilungu lomndeni? Kungani usithanda kakhulu kangaka? Dweba isithombe saleso siphu.



Drive your
imagination



Molemo and the magic jacket

By Siphiliselwe Makhanya ■ Illustrations by Geoff Walton



It was a freezing cold morning. Molemo pushed his hands deeper into the pockets of his school pants and pulled up his shoulders as he waited to cross the road at the robot. He wore two T-shirts under his white school shirt, but he still felt cold.

"Brrrrrrr," said Molemo, stamping his feet while he waited for the robot to change. "I wish Granny had enough money to buy me a jacket."

As soon as the little green man appeared on the robot, Molemo started to cross the road. But that's when he heard a scream behind him. As he turned around to look, he saw a man struggling with an old woman and trying to take her handbag.

"Help! Help!" shouted the woman.

Molemo didn't stop to think – he ran to help the old woman and kicked the man on the ankle as hard as he could. The man howled in pain and let go of the woman's handbag. Then he limped away as quickly as he could.

"Sorry, Mama, did he hurt you?" asked Molemo, helping the woman to stand up. She had fallen over when the robber had let go of her handbag. "Grab onto my shoulder," Molemo said.

The old woman was shaking and she looked like she wanted to cry. "Thank you, thank you," she said. "I don't know what has gotten into people these days."

Once the old woman was standing up again, Molemo picked up her things and gave them back to her. "At least we still have kind young



people like you," she smiled.

Later that afternoon, Molemo crossed the road at the same robots on his way home. To his surprise, the old woman was there waiting for him. She smiled when she saw him. "Young man! I have something for you!" she said as she gave Molemo a carefully wrapped packet. "Open it when you get home."

Molemo felt embarrassed. "You don't have to give me anythi...", he began.


"Take it, take it," said the woman, interrupting him. "This is just the thing you need. When I met you, I knew that it would be perfect for you." She patted Molemo's back and squeezed his shoulder. "When it no longer fits you, pass it on to another child who is just as kind as you." Then she turned and left.

When Molemo got home, he opened the packet. Inside was a bright yellow jacket. It had pockets on the outside and a lovely, checked pattern on the lining inside. It was beautiful. But as he held it up, he realised that it was quite small.

Molemo felt disappointed. "This will never fit me!" he thought. But because it was such a nice jacket, he decided to try it on anyway.

That is when something really surprising happened – the right sleeve of the jacket seemed to grow longer as he slid his arm through it. It grew longer and longer until it was exactly the right size for his arm. Molemo couldn't believe his eyes. This couldn't be right! Molemo decided to put his other arm into the left sleeve of the jacket. Again, it seemed to grow and grow to fit him.

The jacket fit Molemo perfectly. He walked outside to look at his reflection in the window. He posed with his hands on his hips and then put them in the jacket's pockets. He looked good!



Just then, his older sister, Nina, came around the corner. She looked tired. Molemo took her bag and followed her inside the house. "How are you? Do you want a cup of tea?" he asked.

Nina sat down at the kitchen table. "I'm okay, just tired," she said, trying to smile at him. "Looking for work is hard work. Some tea would be nice, thank you."

It seemed as if Nina was always looking for work. This made Molemo sad. She had worked so hard to finish school, and he knew it made her feel bad that she couldn't find a job after three years of looking.

"I'm sure you'll find something soon, Nina. You're a hard worker and you never stop trying," said Molemo.

He turned to light the paraffin stove to boil some water for her tea. "I wish Nina could find a good job," he thought. He put the kettle on the stove and set out a cup with a teabag in it.

Molemo shoved his hands into the jacket's pockets while he waited for the water to boil. That's when he felt a piece of paper stuffed into the corner of the right pocket. He was surprised. Molemo wondered if it had been there before and he just hadn't noticed.

Carefully, he took the paper out of the pocket. It was a neatly folded newspaper advertisement that read: **JOB AVAILABLE. Matriculant wanted!**

Molemo smiled. It looked like his family's luck was about to change for the better and all because of the old woman's gift.

Get story active!

- ★ Have you ever had a chance to help an older person? What happened? How did you feel afterwards?
- ★ Draw a picture of you helping someone. At the bottom of your drawing, write a sentence that describes what is happening in the picture.

- ★ What is the best gift you have received from a family member? Why do you like it so much? Draw a picture of the gift.

Okokuzithokozisa kwakwaNa'ibali

Na'ibali fun



1.

a.) Kokelezela amagama ocabanga ukuthi amchaza kangcono ugogo osendabeni ethi *UMolemo nejakhethi yomlingo*. Yibe usunezela amanye amagama amabili akho ukumchaza.

- unomusa uyahaha unesibindi
- unomoya omuhle unenhliziyi embi
- uyanakekela unolaka unonya

b.) Dweba isithombe esizohambisana nale ngxenye yendaba ethi *UMolemo nejakhethi yomlingo* lapho uMolemo ethola khona ipheshana lephephandaba ephaketheni lejakhethi.

b.) Draw a picture to go with the part of the story *Molemo and the magic jacket* where Molemo finds a piece of newspaper in the jacket pocket.



"Ngokucophelela, walikhipha iphepha ephaketheni. Kwakuyisikhangiso sephephandaba esasisongwe ngobunono esasithi: **SIDINGA ISISEBENZI**. Sifuna umuntu onomatikuletsheni!"

"Carefully he took the paper out of the pocket. It was a neatly folded newspaper advertisement that read: **JOB AVAILABLE. Matriculant wanted!**"

a.) Circle the words that you think best describe the old woman from the story *Molemo and the magic jacket*. Then add another two words of your own to describe her.


- kind greedy brave sweet
- horrible caring angry cruel

2.

Ungawathola yini amagama abalingiswa beNa'ibali kulesi siphico samagama?

Can you find the names of the Na'ibali characters in this word search?

C	G	O	G	O	M	X	H	I	M	B
A	D	E	O	O	B	L	D	O	S	O
A	F	R	I	K	A	M	I	N	H	L
J	N	O	O	D	L	E	N	A	O	L
O	K	N	P	Q	I	R	T	S	P	A
S	T	B	E	L	L	A	L	U	E	R
H	W	M	Y	Z	A	N	E	O	I	P
M	M	E	W	A	A	F	R	I	K	A



UNa'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela: Na'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

- www.nalibali.org
- [nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)
- [@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)
- [@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)

Produced by The Na'ibali Trust. Translation by Mosekola Solutions. Na'ibali character illustrations by Rico.



Drive your imagination

